# UKUDIDIYELA NGOKWENHLALO ENENTUTHUKO



## UKUQEDA UBUBHA



UHulumeni wesiFundazwe wesiThupha usubone ukuthi ukusheshisa indaba yamatayitela kudingeka ibe seqhulwini.
Obonakala ngenhla noMphathiswa uNkk Nkonyeni eMadadeni nguNks Emelina Makhubu, ona-77, ogajwe yinjabulo ngesikhathi ethola itayitela ekanye nabanye abahlomulile abangu-724. Kusukela ngonyaka ka 2014 awu 40 000 amatayitela asenikezwe abanikazi bawo esifundazweni sakwa Zulu- Natali.

I-Hamptons Social Housing Project e-Bellair kuMasipala waseThekwini izodluliselwa nguMphathiswa wezokuHlaliswa kwaBantu uNkk uNkonyeni. Imisebenzi enjengalona, enezindlu ezingu-430, iwubufakazi obunqala bokuthi isiFundazwe sibamba iqhaza ekuhlinzekeni ngamaflethi okuqashisa angu-37 000 ezweni ngokusho kukaMengameli Cyril Ramaphosa ngoMashi 2021. UMnyango uhlose ukunikezela ngezindlu ezingu 600 ngokwezinhlelo ze Social Housing kanye ne Community Residential Unit.




UMnyango uphokophele ukuphucula impilo yezakhamizi zasemakhaya, ikakhulukazi uma kubhekwa ukuthi iKwaZulu- Natali iyisifundazwe esinezindawo ezingamakhaya kakhulu. Umnyango uphezu kohlelo lokulungisa ukuhlela indawo yokuhlala nolunezindawo zokuhlala nezokusebenza emakhaya.
Lesi sithombe, esingenhla, sathathwa KwaDukuza A Rural Housing Project kuMasipala Ukhahlamba, singubufakazi bokuthi ngempela impilo ishintshile ebantwini.
UMnyango uhlose ukwethula izindlu ezingu-42 000 ezindaweni zasemakhaya ngo-2024.
Ukungenelela ezindaweni ezisemakhaya kuhambisana nokusiza ngezindlu abantu abahlala emaplazini. Uhlelo lokulekelela abasebenzi basemaplazini ngosizo lwezindlu, i-Farm Residents Housing Assistance Programme luzama ukufeza izidingo eziningi kulabo abasebenza nabahlala emaplazini ngokubahlelela izindlela zokuhlala ezizwana nezindawo abantu abahlala kuzona.

human settlements

Department:
Human Settlements
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

**UMUNTU NGUMUNTU NGEKHAYA**

2030 NDP